IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

10/2015 Intshumayelo ngesonto 02 emva komkhosi wePhifaniya, ngomhla ka 18. 01. 2015

Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.

Izwi elongamela leliviki, lilotshiwe kuJoh. 1:17, lithi: **"Ngokubo umthetho wanikezwa ngoMOse, umusa neqiniso kwavela ngoJesu Kristu."**

1. Iculo 74/67

2. **Umkhuleko:** Nkulunkulu Mninimandla-onke, oyiNkosi yezulu nomhlaba, wazi ukuthi singabantu ababuthakathaka. Sibuthene lapha ukukudumisa, nokukulalela. Mawusiphe umusa wakho ukuba samukele izwi lakho elingcwele ngokubonga, siqiniswe, siphiwe amandla ngalo ukukhonza kuwe ngokwentando yakho namuhla, kusasa, nangezinsuku zonke zokuphila kwethu. Yizwa, Nkosi, ngaye uJesu Kristu, iNkosi yethu. Amen.

3. Izwi leTestamente elidala lolotshiwe ku-Ekesoduse 33:17-23;

   Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabaseRoma 12:9-16;

   Ivangeli ngohlelo lwesihlanu lilotshiwe ku-Marku 2:18-22.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 78/72

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

7. Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuJohane 2:1-11, lithi: "Kwathi ngosuku lwesithathu kwakukhona umshado eKhana laseGalile; wayekhona lapho unina kaJesu. NoJesu nabafundi bakhe babemenyiwe emshadweni. Kwathi ukuba lisweleke iwayini, unina kaJesu wathi kuye: Kabanalo iwayini. UJesu wathi kuye: Mame, ungené ngani kokwami na? Isikhathi sami asikafiki. Wathi unina ezincekwini: Nayikuphi akusho kini anokwenza. Kwakukhona lapho izimbiza zamatshe eziyisithupha zibekwé ngesiko lokuhlamba labaJuda, ziphethe yileso naleso izilinganiso ezimbili noma ezintathu. UJesu wathi ezincekwini: Gcwalisani izimbiza ngamanzi; zazigcwalisa-ke zathi ciki. Wayesethi kuzo: Yikhani manje, niyise kumphathi wokudla; zayisa-ke. Umphathi wokudla ezwa amanzi aphenduké iwayini, engazi ukuthi livela-phi, kepha

izinceku ezaziwakhé amanzi bezazi, umphathi wokudla wabiza umyeni, wathi kuye: Wonke umuntu ubeka iwayini elimnandi kuqala, kuthi lapha sebephuzé kakhulu, akhiphe elibi kunalo; wena ugcinile elimnandi kuze kube-manje. Lokho ukuqala kwezibonakaliso wakwenza uJesu eKhana laseGalile ebonakalisa inkazimulo yakhe; abafundi bakhe bakholwa nguye." Amen.

8. Intshumayelo: Bathandekayo eNkosini, esahlukweni sokuqala sevangeli ngokukaJohane sithola izwi elithi: ”ULizwi (uJesu Kristu) waba yinyama, wakha phakathi kwethu, sabona inkazimulo yakhe, inkazimulo njengeyozelwe yedwa kuYise, egcwele umusa neqiniso.” Izwi lanamuhla liyasifundisa ukuthi abantu bezwe labaJuda babeqala kanjani ukubona inkazimulo yeNkosi uJesu. Indlela uJesu abonakalisa ngayo inkazimulo yakhe emshadweni waseKhana iyasiqondisa ukuba siqonde ukuthi uJesu wezelani emhlabeni. Futhi kuyisibonakaliso sokuthi usasebenza kanjani naphakathi kwethu esikhathini sanamuhla. **Uyabonakalisa inkazimulo yakhe**

1. ngokuhlangana nezoni,

2. ngokusiza ekuhluphekeni,

3. ngokuveza nokuqinisa ukukholwa.

1. Inkazimulo ezabonakaliswa nguJesu iNkosi iyamangalisa. Idlula ingqondo yethu. Iyafakaza ukuthi **uyahlangana nezoni.** INdodana kaNkulunkulu uJohane alobile ngayo ukuthi izwe lenziwe ngayo, ihlangana nabo abangumhlabathi nomlotha kuphela. Yashiya izulu nobuhle nentokozo yalo ukuba ibe ngumuntu. Yazidela ithabatha isimo senceku, yazithoba ilalela kwaze kwabasekufeni, yebo, ekufeni kwesiphambano. Yafuna ukuhlangana nezoni. Kuyafakazelwa lendaba ngendlela enhle, njengoba sibona ukuthi waqala umsebenzi ayaliwe ngawo nguYise ukuba awenze khona eKhana laseGalile. Abantu bezwe laseGalile babethathwa ngabaseJudiya ukuthi abanayo inkolo elungileyo. Babalekelwa, badelelwa njengabezizwe. Kwakuphakathi kwabantu abanjalo, lapho uJesu ebonakalisa inkazimulo yakhe khona ngokokuqala. Uyathanda ukuba bamqonde, bamukelwe nguye, bathethwe kahle icala labo nguye ngokuthethelelwa izono. Khona eKhana ngokwempela uJesu wafakaza ukuthi uzé emhlabeni ukufuna okulahlekileyo. Sazi ukuthi usakufuna okulahlekileyo nanamuhla.

Thina-makholwa sinenhlanhla enkulu. Siyabona inkazimulo yeNkosi yethu uJesu, mhla sicela umzimba negazi lakhe, mhla sikhuleka kuye, mhla ezamukela izicelo zethu. Futhi asikwazi

ukukhohlwa ukuthi uthanda ukuzibonakalisa nakubo abangakaqondi inkazimulo yakhe, njengalokhu sifunda ezwini lanamuhla, liyaseluleka ukwenza umsebenzi wobuthunywa. UJesu Kristu wenyukela ezulwini, uhlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu uYise. Okusho ukuthi akasabonakalisi inkazimulo yakhe phakathi kwabezizwe nakubo abahlubukileyo ngokuguqula amanzi abe iwayini. Esikhathini sanamuhla uyathuma abaseyiqondile inkazimulo yakhe. Okusho ukuthi nathi siyizithunywa zakhe.

Noma singakaqondi inkazimulo yakhe, na? Akakafiki kithi ngomusa nangeqiniso lakhe kithi na? Siyezwa ukuthi iNkosi uJesu waya emshadweni emenyiwe. Yikho esimelwe ukukuqaphela kakhulu. UJayiru umphathi wesinagoge labaJuda wacela uJesu ukuba angene endlini yakhe, asize indodakazi yakhe. INdodana kaNkulunkulu, iNkosi yethu yenza kanjalo. Odadewabo uLazaru kanjalo-ke, babembiza, uJesu weza, wavusa uLazaru ekufeni. UJesu usathanda ukuhlangana nezoni, kepha akacindezeli umuntu ukumamukela. Umi emnyango womuntu, uyangqongqotha. Uma umuntu ezwa izwi lakhe, emvulela, iNkosi uJesu uzongena kuye, ambonakalise inkazimulo yakhe.

2. Lapho iNkosi uJesu ebonakalisa inkazimulo yakhe **khona usizo oluningi lukhona**, njengalokhu ekhulumile wathi: "Izimpumputhe ziyabona, izinyonga ziyahamba, abanochoko bayahlanjululwa, izithulu ziyezwa, abafileyo bayavuswa, abampofu bayashunyayezwa ivangeli." Emshadweni waseKhana kwakungekho ukugula nezifo. Ukuhluphela kwakhona kwakungokuncane kuphela. Babeswela iwayini kuphela. Kwathi unina kaJesu ezama ukumqhuba ukuba asebenze masinyane, uJesu waphendula wathi: Mame, ungené ngani kokwami na? Isikhathi sami asikafiki! UJesu wasiza, kuphela wasiza ngesikhathi sakhe, waguqula amanzi abe iwayini.

Ngokwempela akukho okungaba khona esingavunyelwa ukukucela eNkosini, noma okomzimba, noma okomoya. Uyathanda ukusiphatha ngomusa kukho konke, uyasiqinisa kulokhu kukholwa ngamazwi athi: "Celani, khona nizakuphiwa; funani, khona nizakufumana; ngqongqothani khona nizakuvulelwa." Othembayo isithembiso leso seNkosi uJesu esisebenzisa umelwe ukumvumela ukuthi asize ngesikhathi sakhe nangendlela yakhe. "Ngokuba konke okwalotshwa ngaphambili kwalotshelwa ukufundiswa kwethu, ukuze ngokubekezela nangenduduzo yemibhalo sibe nethembe." Abamethemba uNkulunkulu ukuba alalele izicelo zabo ngalesosikhathi, mhla bekhuleka, enze ngokwentando yabo, bayakulahlekelwa ithemba. UNkulunkulu akanalutho nabo. Bangeqonde inkazimulo yakhe.

3. Emshadweni waseKhana bonke ababemenywa bezwa ngenguquko yamanzi abe iwayini, inguquko emangalisayo, bezwa nokuthi kwenziwe ngubani. UJesu wabonakalisa inkazimulo yakhe phambi kwabo bonke. Kepha izwi lanamuhla ligcina ngokuthi: "Abafundi bakhe bakholwa nguye." Ngokukholwa kwabanye akukhulunywa ngakho. Ungathi ngakho siyabona ukuthi okwenziwe nguJesu akwenzanga ukukholwa kwabanye.

Ngokucabanga ngezimangaliso ezinye zakhe nangazo siyafundiswa kaningi ukuthi abantu ababezibona zona babesaba, noma babemangala, babuza bathi: Lowo ungonjani? Kuphela babengakholwa nguye ngakho abakubonileyo. Kodwa abafundi bakhe yibo ababeqiniswa ekukholweni. Babevulelwa izinhliziyo zabo ukuba babone. UJesu wakhulisa ukukholwa kubo. Inkazimulo yakhe ingeqondwe ngokubonwa ngamehlo nje.

Ngakho lokhu izazi umthetho nabaFarisi babekhuluma ngaye nangemisebenzi yakhe ukuthi uyadelela uNkulunkulu. Kudingekile inhliziyo evulekileyo, engangabaziyo. Lapho ikhona kithi, siyakubona nenkazimulo yeNkosi uJesu, kungabi kulezibonakaliso okulandwa ngazo eBhayibhelini kuphela, siyakuyibona nakukho konke okwenzeka ngezinsuku zonke. Siyakuqiniswa ngakho ekukholweni. Kuphela amandla okubona ukusebenza kweNdodana kaNkulunkulu kukho okwezinsuku zonke akuveli emandleni ethu. Kuyisipho sikaNkulunkulu. Ngakho lokhu asikhulekeni, sithi:

9. **Umkhuleko:** Nkosi, Msindisi wethu Jesu Kristu, Malusi wethu, wena usasifuna thina esiyizimvu ezilahlekileyo. Uthanda ukusibonakalisa inkazimulo yakho ukuba siqiniswe ekukholweni ngayo. Ngobuthakathaka bethu sihlulekile ukuyiqonda, nokuthi uhlala nathi ngezinsuku zonke. Usikhanyise, usikhulule kukho konke okusivimbayo ukukucela, nokukumema ukuba uhlale ezinhliziyweni zethu. Hlala nathi. Sicela kanjalo ngenxa yothando lwakho. Amen.

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 173/145

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-1979/2003/2009 ngu-G. Heidenreich

kucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.